

e M A S S i y

AT
et (5 â\2027

Vol.: XV/XVI = NÃ©. 12/1

Registered as a Newspaper at the GPO

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1981/82 â\200\224 1

UQOPHEKE umlando kulolon-

< - ke elaseNingizimu Afrika
ngokuba oyiNgonyama yesizwe
esiMpisholo - esaziwa ngokuthi
siyisizwe samaZulu engxenyeni yalelizwe,
nokuyinto engawandele amaKhosi
amaningi abusa izizwe ezinkulu njengoZulu
ukuba akwazi ukuhlala aze agubhe
iminyaka elishumi eholâ esizwe.

Laphaya ezinkundleni zemibukiso eMona
kwaNongoma abantu bebengangoZulu
eyemakheni, bezokhuleka bebonga kanye
neSilo. samabandla onke kaZulu, bebonga
kuMdali bebiza nawoyisemkhulu baso;
iziNgonyama zikaZulu esezakhothama
ngokulondeka kwaso kuze kube namuhla
lokhu. Bebekhona nabaNtwana
baseNdlunkulu yaseSwazini, iNxusa-Jikelele
elimele uHulumeni waseRiphabliki esizweni

samaZulu. :

Yona uqobo iNgonyama, uZwelithini

- kaBhekuzulu kaSolomon ethula amazwi
akhe okubonga emveni kokuba esekhulumile
uNdunankulu waKwaZulu, u Dr M. G.
Buthelezi, wathi; :

â\200\234Yiginiso khona ukuthi mina ngilutho
ngani. Yiginiso, futhi ukuthi nangemvelo
uNomthebe angeze abakhona umuhlwa
ungekho esidulini. Ngokunjalo nakithi
thina zidalwa ezingumfanekiso ka-
Somandla inkosi ibayiyo ngabantu bayo,
noma ngesizwe sayo. Thina-ke lapha
eMzansi~ Afrika siyizinhlanga ezahlukeni
kodwa sakhe ndawonye, siphila ndawonye,
sishaywe ngumoya owodwa futhi sinethwe
yimvula â\200\230eyodwa. Lokho kungenza
ngikholwe yikuthi sizwelana ubuhlungu

'UZULU UGUBHE ISHUMI

'LEMINYAKA INGONYAMA
ISESIHLALWENI

sonke ngokufanayo size-sihlanganyele
nenjabulo ngokufanayo. Ngakhoke
bakwethu ukubakhona kwenu lapha
nibangaka kungibuyisela emuva ngamehlo
engqondo ezinsukwini zosizi kanye
nezenjabulo empilweni yami engakabinga-
kanani. Usizi lokushiywa kwami ngabazali
bami ngisemncane luhlala lulusha njalo
enhliziyweni yami njengoba kwenzeka
kunoma ngubani. Kodwa-ke asihlangene
ngazo iziwombe ezinosizi zaseNdlunkulu
namuhla. Nokho ngingekhohlwe lusizo
Ilwenu kimi ezikhathini ezilukhuni.
UMntwana wakwaButhelezi ongubaba kimi
nonguNdunankulu kaZulu usekhulume
kabanzi ngentokozo yosuku Ilwanamuhla.â\200\235
ISilo sithe besihlanganise amahlelo
ahlukeni ezenkolo ukuba sona nomndeni
wakubo bazohlanganyela ekubongeni
umusa ongapheli kaSimakade osilonde
iminyaka eyishumi wasenyula wasiphaka-
misa wasenza sabalikhanda lesizwe
saKwaZulu.)
â\200\234Bantwana benkosi, Bahlonishwa nonke
nomuzi wenkosi baningi phakathi kwenu
abaziyo ukuthi selokhu ngangena
kulesisikhundla usuku Iwami lokubekwa
ngazijuba uba ngilukhumbile, sihlanguke
kwaKhetha minyaka yonke. Kwasekusuke-
nt phansi abahlobo bami, amafemu
nezimayini ikakhulu uMggibelo wokuqala
ku-December minyaka yonke enza .

kubelusuku Tomncintiswano wendlamu

nokuzithokozisa okunhlobonhlobo.
Izindleko zalolusuku ngaqgale ngazithwala

ngingedwa. Kwathi ngenxa yedumela
lomncintiswano nobudlelwane nabahlobo
bami bamafemu nezimayini umphakathi

â\200\230wakwaNongoma omhlophe noNsundu

wangena wangiphasa. Lokhu kwaphakami-
sa izinga kanye nezindleko. Kungaleso-
sikhathi lapho uHulumeni wami wabona
khona sekufanele ukuba lolusuku alubale
kanye nayo yonke imigubho esekelwa nguye
â\200\224 alwenze usuku IweSizwe.

INgonyama ihlobe iphelele ngelanga eyabe
iqgoge ngalo uZulu wonke ukuzogubha
ukugeda kwayo iminyaka eyishumi
isesihlalweni sobukhosi, lapha yethula

' 'inkulumo yokubonga. Kwesokudla uMntwana

uDr M. G. Buthelezi ethula inkulomo yakhe
yosuku, naye evunule ngazo ezengwe phela

. okuyingubo yamaKhosi. Kanti ngezansi bemi

noBhishobhi uDr A. H. Zulu.

Ngifisa ukuzwakalisa ukubonga kwami
ngokuthile engikubonile kwenzeka
kuleminyaka elishumi eyedlule: 2

Ngibonga konke uHulumeni kaZulu
angenzele khona kuleminyaka elishumi
eyedlule â\200\224 ngingakhohlwa ukungakhela
kwakhe umuzi -uKhangalamankengane.
Nanxa lesisakhiwo singakapheli kusobala

.ukuthi uHulumeni wami ugonde ukuba
ubukhosi bakwaZulu agcine ebukhuphulele

ezingeni elifaneleyo.

(Phenya Ekhasini 2)

EhE

Y

(ISUKA EKHASINI 1)

Ngibonga ubudlelwane obuhle obuya-
banda phakathi kwezinhlanga phakathi
kwalelizwe- kakhulukazi phakathi
kwabaNsundu nabamhlophe. Okuningi
okwenzakalayo namuhla esasingakuphuphi
eminyakeni engaphambili, kuyinkomba
yobuhle obuzayo kulelizwe.

Ngibonga inqubekela-phanbili
ebonakalayo esizweni esinsundu,
kakhukazi kwezomnotho. Ngibonge
abansundu nabamhlophe nohulumeni wami
ngokubambisisana okuhle ukuze
amaphupho anamuhla abenempumelelo
enhle kusasa.

Ngibonga kakhulu kulabo abasiza abanye
nabasiza umphakathi onsundu ngezinsuku
zesomiso kuleli lakithi, ngingakhohlwa
ngabe-Sugar Association nabe Red Cross.

Ngibonga u-Miss Lloyd okuthe wenza
imizamo emikhulu ngezindleko zakhe
ezinkulu ukuba angenzele lesisithombe sami
enisibona lapha nesenziwe nguchwepheshe
uqobo kaMapendane.

Ngibonga ukungiseka kwenu-Mazulu
kuleminyaka eyedlule nokweseka kwenu
uHulumeni wami. Kuyisifiso nomthandazo
wami ukuba yonke inxushunxushu eke-
yabakhona phakathi kwethu ngaphambili
iphele ithi-nya â\200\224 siqale unyawo olusha
ngempela kulonyaka weshumi nomuvo.

Muzi wakwethu, akusona isifiso sami

nenhloso yami ukunibambezela nge -
nkulumo. ende. Ngifisa ukuzibongela
phambi kwenu nonke kumdali weZulu
nomhlaba ngokungihlenga emikhuhlaneni
nasezivunguvungwini zomhlaba, ngize-
ngibone lolusuku Iwanamuhla. Iminyaka
ehsh.umi akusizo izinsuku ezilishumi
empilweni â\200\234yomuntu. Kanti nazo izinsuku
ezilishumi akuzona â\202-zomuntu, kepha
umzuzu umunye umuntu uwuphiwa

nguNkulunkulu yena ongumnini .

wezikhathi. Ngininxusa nonke ngothi lwenu
ukuba ningibongise, futhi ningibongele
kuBaba wethu sonke ngomusa ongaka.
Ngibongiseni ngokuhle . angiphe khona,
ningibongise nakukho okubi nokubuhlungu

angabele khona kuleminyaka elishumi,
ngoba ngineqiniso lokuthi akangiphanga

KwelaKwaZulu uma kumnandi uZulu
kaPhunga benoMageba ephelele lapho
izinsizwa zihaya ezinemvunge enesizotha
zingathathi ngamawala zilokhu
ziluphakamisa kancane unyawo nesikhwili
â\200\234esandleni uyaye ubone omame bakhona
begqiza beshikiza kancane ungazuthi abenzi

lutho njengoba sibona abaseNdlunkulu benza.
Kanti kwesokudla iNkosi uButhelezi ufaka
L izintombi zakwaZulu umdlandia.

Ndabezitha, Mntwana wakwaButhelezi,
akulula kimi ukuzibongela kuwe nesiGungu
nesiShayamthetho sakho ngalomsebenzi
ongaka eniwuthwale ngezandla ezimhlophe
nangezinhliziyo ezivumayo. Sengathi
iminyaka elishumi eseyadlule ingasala
emuva, thina siye phambili â\200\224 singabasha
ngakho konke, siholwa nguNkulunkulu.

Ngiyadabuka ukuphetha iNkulumo yami
ngokukhalela imiphefumulo eminingi
engenacala ephuma ezimpini zemibango
nobulelesi kuleminyaka esiyigubhayo.
Ngibuka abafelokazi nezintandane
ezingasenabani. Ngibuka imizi esivalwe

- ngehlahla ngenxa yezimpi nokubulalana.

ngazozonke izikhathi.

Ngiyabindwa uma. ngizama ukunibonga
ngakho konke eningenzele khona ngezipho
nangezandla enizelulile ningasaqali â\200\224 muzi
wenkosi. Sengathi- kungabuyela
ngokuphindiwe lapho nithathe khona.

Mtanenkosi wakwaNgwane, nabantaben-
kosi bonke abalapha, ngiyehluleka
ukubonga ngokwanele eNgwenyameni
enizokuyimela kulomkhosi. Sengathi
uSomandla. angaseboleka yona

iNgwenyama, ayandisele*simnsuku zayo,
ukuze sifunde okuningi kumuntu omdala.

obekungangifanele.

Ngikhulekiseni ngifunde ukubekezela
nokwethuka uma umdali engishaya,
ngifunde ukumesaba, ngifunde
ukumthanda, ngifunde ukubonga, ngifunde
ukumkhonza. Ngaphezu kwakho konke,

ngifunde ukwenza intando yakhe

Kwakufinywa ngendololwane kumnandi
kunjeyaya ezinkundleni zemibukiso eMona
kwaNongoma. Abantu babezitika ngokudla
kwendlebe bepha neso lize lidele, nakhu phela
nekwaya lodumo lalikhona Amazwi kaZulu
njengoba siwabona eshayelwa umbhidi wawo
uMnu. uDubazane. Nanka namaSwazi nawo
nezawo zakaNgwane ngezansi.

Masibhekise imikhuleko kuMdali, sedlule
lesisibetho.

Noma uMntwanomkhulu ezongibongela,
nami ngivumeleni ngibonge konke
okwenziwe nokukhulunyiwe namubhla.
Ngingelibale nokubonga kulabo abasixhasa
minyaka-yonke ngengoma nemidlalo
njengo - â\200\230â\200\234Mathandekhishiniâ\200\231â\200\231 nabahlobo
abaningi. Imincintiswano nonyaka
kayibanga-bikho ngenxa yobukhulu
bomsebenzi wanamuhla. Ngiyethemba
siyobona amangwevu amasha ngo-

(Phenya Ekhasini 7)

Â¥

N

Âç
{

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1981/82 â\200\224 3

BATHUTHUKISA
EZEMFUNDO
KWELAKWAZULU

UYINTOKOZO kimi
enkulu ukuba ngithole le
lithuba lokuba ngivule lo-

: luphiko lokuthuthukisa
imfundo yakwaZulu ngifisa ngabe kuthiwa
uphiko lokuthuthukisa imfundo
yaseNingizimu Afrika ngikusho lokhu ngoba
uma sekuqediwe ukufunda iningi lisebenza
câzindaweni zabamhiophe. Kwenzeka
ngephutha lezomlando ukuthi kwaZulu sibe
noMnyango wezeMfundo okungumsebenzi
wayo ukwenza izinhlelo zemfundo zalabo
abansundu abanamasiko nolimi IwesiZulu.
Ngumnyango wezemfundo omkhulu
wesibili olandela owaseTransvaal

66

wemfundo yabamhlophe. Lomnyango
wamukela abafundi abavela kwaZulu
nangaphandle. Thina bakwaZulu

- asizikhukhumezi ngalokhu ngoba siyazazi

ukuthi singabaseNingizimu Afrika
ngakhoke sizibhandakanye nabobonke
baseNingizimu Afrika abamhlophe
nabampisholo. Kuzokhumbuleka ukuthi
ngezikhathi zo 1976/77 elakwaZulu laba
yilolodwa kohulumeni abampisholo
abavula iminyango bevulela abantwana
baseSoweto. Kungase kukhumbuleke futhi
ngacelwa oDokotela Ntatho Motlana
neNkosi Sebe ukuthi ngibasize ngitholele
abantababo izindawo ezikoleni zakwaZulu..

â\200\234Lokhu kwenziwa ngoba siyazi ukuthi
umsebenzi wethu osemqoka ukuqesha
intsha hayi eyakwaZulu kepha
eyaseNingizimu Afrika. Isifakaziso salokhu
ukuthi elakwaZulu seliqeshe
abahlengikazi abaningi ngaphezu
kwezikhala zemisebenzi ezikhona. Kukhona
okungashayi kahle kulezinkulamo ezithi
lentsha yabahlengikazi abangaqashwa
ezibhedlela zaseNingizimu Afrika ngoba
bengamaZulu. :

â\200\230â\200\234Kukhona abazogodola ukusisiza
ngokusisekela ngezimali kuloluphiko
lwethu Iwezemfundo ngoba bethi
ukuzibhandakanye nezokuthuthukisa
imfundo kwaZulu kuhambisana nomgomo
kahulumeni wokuthuthuka ngokwahluka-
na.

Lokuzenzisa okunje angikuthandi ngoba
akusukeli ndawo ngaphandle kokuthiusuke

ungafuni ukusiza isizwe esimpisholo esisele
emuva kwezemfundo makuqhathaniswa
nazo zonke izinhlanga zalana eNingizimu
Afrika.

â\200\234Ngokusungula lenhlangano sikwenza
ngoba ezomnotho waseNingizimu Afrika
uyadllobala ngelikhulu izinga leli
ngangoba baningi bayadingeka
abageqeshiwe ukwenza imisebenzi edinga
ulwazi. Ayikho
abangakwazi ukubhekana nesimo

sezomnotho olokhu ukhula. Kuyachacha
ukuthi abaningi abansundu kufanele

bagcwalise izikhala ezidalwa wumnotho
liyisifunda

wezwe. ElakwaZulu

indlela abamhlophe .

Intuthuko kwelaKwaZulu ihamba ngemingu-
du eminingi okukhombisa ukuthi abaholi
balendawo bangabantu abakhuthele
nabahlale behlwaya befunela isizwe sabo
okuhle kodwa. Nakhu phela nakweze-Mfundo
okuwuMnyango ophethwe uMhlonishwa
esimbona kwesobunxele, uDr O. D. Dlomo
sebephezu komshikashika. Kanti kwesokudla
ngenhla uNdunankulu uthula inkulumo
yokugcoba ngokomthetho loluphiko
oluthuthukisa imfundo.

saseNingizimu Afrika futhi asinawo
umnotho wakwaZulu kepha sinomnotho
waseNingizimu Afrika futhi senza zonke
izidingo zalomnotho.

â\200\234Ngempela siyadinga ukuba namandla
ezisebenzi ezigeqeshiwe. INingizimu Afrika
inomnotho ongeminye yephambili
emhlabeni jikelele. Umnyango wezeMfundo
kwaZulu usubone ukuthi nazi isinhloso
okufanele zilandelwe ukuze kuthuthukiswe
imfundo:- |

â\200\230(i) Ezobunjiniyela nezinye izifundo
esiphathelene nazo.

(ii) Ezokwenza amapulani-ezakhiwo,
Ukupulana amalokishi, nezokudabula.
(iii) Ezolimo kanye nezobunjiniyela
bezolimo.]

(iv) Ezokubala izimali kanye nokugeqesha
kwezamabhizinisi.

â\200\234Lezidingo zahlalelwa phansi yizizi ezinkulu
kwezemfundo. Ukuzihlupha kwethu
ukugeqesha isizwe esimpisholo yingoba
sibona kuyimfanelo ukuthi senze njalo.
Sikholelwa ukuthi umuntu kufanele azisize
ukuze asizwe hayi ukuthi asonge izandla
alindele ukuthi izinto azifisayo zogathaka
ezulwini njengemana. Kulomshikashika
sixhaswe ngabanini bezimboni ezizimele.

Yibo kanye abasimise idololo
kulomzabalazo wethu wokwenza ngcono

ezemfundo. Abezimboni ezizimele banikela
ukwenza ngcono ingxaki yethu eyisithiyo
kithi bohlanga olumpisholo. .

â\200\230â\200\234Uma sithi singabalandeli boxolo lokho
akuchazi. ukuthi silandela indlala
yabampisholo enganamkhawulo.
Kungithokozisa kakhulu namhla
ukunibona â\200\230niphелеle ngothi lwenu.
Engikushoyo makuthathwe ngokuyikho
ngoba kuyisikhalo ngeNingizimu Afrika.

â\200\234Okukodwa okungenza uzvano Kkithi
sonke, ukulingana kwezohwebo,
kwezenhlalo, amasiko nakwezekubanga
izwe (ezepolitiki) Uma siqgonde ukwenza nje
ikusasa kuyisidingo ukuthi sikhipe
imiphumela eqanda ikhanda ukuthi
ukusebenzisa uxolo kunemiphumela.
Ngakhoke sinalenkinga ebhekene nesizwe
esimpisholo. Sethemba ukuthi lezizithiyo
ziyogudluzwa.

â\200\234Ngiyaqaphela ukuthi izikhathi zijikile.

1 Afrika yonke ibhekene nezinkinga

njengoba isigala iminyaka yamashumi
asishiyagalombili;-

e Ukuqhubeka kwezinxushunxushu .

emhlabeni:

Olukwenyuka kwentengo kaphethiloli
ongahluziwe: ;

Â® ukwehla kwezinga lemali etholakala
emazweni ami kahle kwezomnotho:
Â® ukukhinyabezeka kwezosizo lezokuthu-
thuka-okumqoka kakhulu okukahulumeni
ka Reagan:

â\200\230â\200\234Lezizithiyo ziyabonakala nalapha
kwaZulu, ikakhulukazi lesi sokugcina, uma
ungase ubhekisise iNhlangothi yezokuthu-
thukisa elakwaZulu. Kulamashumi
eminyaka adlulileyo ezokuthuthuka e
Afrika bekulandela umgomo owodwa:
Â® ukufuna usizo;
Â® ukuthuthukisa ezomnotho wesikhashana
ovela ngaphandle; p
Â® ukuthumela ngaphandle ezokwakha
nokunye okusâ®tshenziswayo;
Â® ukuzama ukufaka amandla ezombanga-
zwe emhlabeni jikelele ukufuna izwi elithe
xaxa kumnotho wezomhlaba i Afrika
engeke ikwazi ukuwuphatha;

â\200\230â\200\234Ngasekupheleni kweminyaka
yamashumi ayisikhombisa, abaholi base
Afrika baqala ukubona isidingo esikhulu; I
Afrika kufanele yenze kakhulu
ekuzithuthukiseni bathembele kancane
osizweni lwasemazweni angaphandle.
Umgomo we Afrika uthi; futhi
okuwumgomo we kwa Zulu Training Trust:
â\200\234ASICELI ISINKWA KEPHA ULWAZI
LOKUTHI SINGASENZA KANJANI.â\200\235

â\200\234I Afrika yanamuhla inamazwe
angamashumi amabili omhlaba kwangama
45 ahluphekayo, kodwa inengcebo enkulu.
Njengoba siya eminyakeni yamashumi
asishiyagalombili ukusimama kwethu
kUyo"iâ\200\230camela ekuthini siyisebenzise kanjani
ingcebo yalelizwe khona siyokwazi
ukuzimela singaceli kumuntu.

â\200\234Lomsebenzi esizethwesa wona unzima.
Okufakwa yi Afrika kwezomkhiqizo kuyi 2.
7 phesenti wokufakwa ngumhlaba. Ngo
1980 imali engena kumuntu oyedwa
kwakungu R460 ephansi emhlabeni wonke.
Abantu baseAfrika ngonyaka ka 1980
babeyizi 472 wezigidi, bekhula
ngokwelamana kuka 2,9 phesenti ngonyaka
ukufika esilinganisweni sezigidi ezingama
832 ngonyaka wenkulungwaneâ\200\231 ezimbili.
Ukufa kwabantwana abayi 140 kwabayi

1000, ngaphezu kwakho konke lokhu
ingxenye engu 45 phesenti wabantu
baseAfrika bangaphansi kweminyaka

(Phenya Ekhasini 4)

Yizo isikhulu nabaHlonishwa ababekhona mzu kwana kwethulwa ngokomthetho iKwaZulu Training Tr
ust. Si yambopa uMhlonishwa uDr Gerrit
| Viljoen onguNgqongqoshe weMfundo yeSizwe eRiphabliki elezi eduze kukaDr O. D. DLomo weMfu
ndo namaSiko KwaZulu; uNdunankulu
waKwaZulu, uBhishobhi nabanye.

5 XTI

-

Ry

e

|

e

R . e

|

Â\$
 {
 Â¥
 i
 |

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1981/82 â\200\224 4

o e g e e S l o i A G o M W e A A t B o v

(ISUKA EKHASINI 3)

eyishumi nesihlanu. Abantu abahlala
emadolobheni sebefike ema 24 amaphesenti
abantu base Afrika. Abangaphansi

kwamaphesenti amahlanu abahlala

emaphandleni bathola amanzi ahlanzekile.
Izinga lokungasebenzi liphatha abangaphezu
kwama 45 phesenti abantu abanomdlandla
wokusebenza kube ngokunjalo
abahlupheka kakhulu batholakala e Afrika
bayizigidi ezingama 800. Lelizwekazi
linababaleki abaningi. Ukukhula
kwezokuhlala amadolobheni akuhambisani
nokukhula kokudla.

Ngokwezwekazi abantu bakhula ngo 3
phesenti ngonyaka, kube ukudla kukhula
ngo 2 phesenti. Ngakhoke izwekazi leli
libhekene nenkinga yokuthi kufanele
lethembele kulokho okugamuka
ngaphandle ekubeni yona i Afrika
ingakwazi ukuzakhela ngokwayo. â\200\234Phezu
kokuba i Afrika inomthamo wengcebo ongu
30 phesenti womhlaba kukhishwa uwoyela
ngaphandle, amandla kwezezimboni
ayangqundeka, hayi ngoba isifiso singekho,
kepha ngenxa yezithiyo eziyizisebenzi
ezigeqeshiwe, ezobuchwepheshe,
ukubakhona kwezimakethe kanye nentengo
yezimpahla ezigamuka emazweni
aseNtshonalanga naseMpumalanga.
Ngonyaka wezinkulungwane ezi 2 i Afrika
yobe yenza u 2 phesenti womkhigizo
womhlaba kwezezimboni.

â\200\234Yisimo esingathandeki lesi. Liyini
ikhambi na? UNobhala Jikelele
weNhlangothi yoBunye be Afrika uJenene
Edem Kodjo waqoga kanje embizweni ka
1980 eyayise Lagos: okuncane okwenza i
Afrika ibesemuva kwezomnotho
ukungabibikho kwezindlela zokwenza
nokuhlalanyela. Ukugeqesha abaphathi
bezemisebenzi yikona okuyoba yisikhali
ukuthuthukisa elase Afrika. Ulwazi

Umna izizwe ezingini zingaqikekela imfundo,
ziyibeke phambili nalezo ezisasele

athuthukile. Ezithombeni kwesingenhla
nesingezansi abafundi abangamaZulu
bakhombisa uku-yithakasela intuthuko
yemfundo. :

zingathuthuka ngesivini zibe sezibalwa
kanye nalezo eseziphezulu emazweni

â\200\234Umphakathi wakwaZulu awukakaphu-
cuzeki kangako. Ngokwezibalo zango 1975,
abahlala emadolobheni benza ama 28,5
phesenti wesibalo somphakathi wakwa
Zulu. Ezokuhlala emadolobheni zihamba
ngebanga elisheshayo. Kungase kunyuke
ngama 40 amaphesenti ngo 1990.

â\200\234Ngo 1970 ama 28,9 phesenti esibalo

sabantu bakwaZulu babephapheme
kwezomnotho. Ngonyaka ka 1975 lesisibalo
sakula saba ngama 29,9 phesenti. Izinga
eliphansi kwezokuhlala emadolobheni
kanye nezinga lokubeletha. elikhula ngo 3
phesenti ngonyaka yikona okwenza ukuthi
ezomnotho zihambe kancane. Ukukhula
kwezomnotho emphakathini wakwaZulu
kuzokhula kusuka ezinkulungwaneni
ezingama 843 000 ngonyaka ka 1975 kuya
esi 1444000 ngonyaka ka 1990, kukhule
kuye ku 2068000 ngonyaka ka 2000.
Ezomnotho zokhula kusuka kumaphesenti
angama 29,9 kuyofika ku 32,2 phesenti
ngonyaka ka 1990 kuya ku 34,1 phesenti
ngonyaka wezi 2000.

â\200\234Kuyiginiso lempilo ukuthi isidingo
sezemisebenzi kwaZulu siyohambisana
nezinga lezomnotho otholakale eNingizimu
Afrika yonkana, ukukhula okutholakala
ezindaweni ezikhula kwezezimboni

. eziseceleni kwakwaZulu kanye nokukhula

kwaZulu komnotho.

â\200\230â\200\234Ukusondelana kwelakwaZulu
nezindawo zemisebenzi emikhulu ezifuna
amandla ezisebenzi njenge Theku (Durban),
uMgungundlovu (P. M. Burg) Richards Bay,
Newcastle naseLadysmith kwenza ukuthi
umthamo omningi wezisebenzi ushone
ezimbonini ezinkulu futhi eziholela
kangcono. Lokhu kuhle ngokuthi kususa
umthwalo wokwenza imisebenzi emisha
kodwa ngakolunye uhlangothi kwenza
kuphume imali esetshenziswa makuthengwa

emfundweni ejwayelekile yasemasekhonda-
ri kuya kweyasenyunivesi. EyasemaNyuni-
vesi kufanele ibhekiswe kakhulu kwezolimo,
ezobunjiniyela kanye nakwezamabhizinisi.

â\200\234Ngizothanda ukugcizelela ukuthi wonke
umuntu ompisholo ogegeshiwe akayukuba
yisibani esikhanyela lelizwe lakwaZulu
kuphela kepha uyoba yinyama ngisho
eNingizumi Afrika. Ngakho kuyinzuzo
kwezomnotho wezwe lonke.

â\200\230â\200\234â\200\230Ungase uzibuze ukuthi isizwe
sakwaZulu sesenzeni ekuzithuthukiseni
ngokwaso. Okokugala angikuchazele
ukuthi INKATHA iwumphumela wesizwe
esimpisholo mayelana nenselelo
yokuthuthukisa izwe. INkatha njengamaniye
iphansi phezulu nomshikashika wokwenza
izifundo ezizokhombisa izindlela zokufaka
ugqozi nokuqeqesha abantu ukuthuthukisa
umkhigizo esilinganisweni esincane. Ake
ngichazele abanini zimboni ukuthi njengoba
siwadinga amathuba emisebenzi kanye
nemisebenzi emikhulu kodwa lokhu kufana
nethonsi liwela olwandle. Ukuhlola
okwenziwa nguMeluleki wezoMnotho
kuhulumeni wakwaZulu, uDokotela M.
Spies, kukhombise ukuthi ezemisebenzi
engaphathelene nezolimo kwaZulu ikhipha
amathuba emisebenzi eyizi 60 000
ngaphandle kwezindleko zikahulumeni.

â\200\230â\200\234â\200\234Kulesikhathi seminyaka elishumi
eyadlule, imali eyizigidi eziyi 170 zamarandi
zasetshenziswa kubhekwe inzuzo
ukuthuthukisa indawo yezemisebenzi
yakwaSithebe ukwenza amathuba
emisebenzi abantu abayi 5000. Lezizibalo
ziyazikhulumela.

â\200\230â\200\234â\200\234Abantu bakwaZulu bakhombisile
kulesikhashana esedlule ukuthi nabo
kukhona abakucoshayo mayelana
nokuzithuthukisa kwezolimo. Inhlango
yokusiza abalimi edume ngokuthi A. C. A.
T. isivule amakilabhu ezokonga phakathi
kwabalimi abasacathula ngosizo
lukahulumeni wakwaZulu ngomNyango
wezoLimo ubambisent nenhlango
yokuthuthukisa elakwaZulu asibe
nelikhulu isasasa kubalimi. Kukhona
engizothanda ukukusho phambi kwenu
umsebenzi oncomekayo owenziwa yi K. D.

selutshengiseli ukuthi indawo yokugeqesha i
Afrika ugobo lwayo.

â\200\234â\200\234Ake sibhekisise elakwa Zulu ukuthi limi

kanjani. Kunezigidi ezintathu zamaZulu
ezihlala ngaphakathi kwemingcele
yakwaZulu. Abangaphezu kwezigidi
ezimbili bamaZulu bahlala futhi basebenza
ngaphandle kwemingcele yalendawo.
Ngonyaka ka1975, amaZulu acishu kuba
ngamaphesenti angama 59 abangaphakathi
kweminyaka 0-19. ElakwaZulu lethembele
kakhulu emuntwini wesilisa okusho ukuthi
abasemunyakeni ephakathi 0-14
bathembela kulabo abase 15-64 weminyaka.
Ngonyaka ka 1970 loku kwabamhlophe

kwakwenza eNingizimu Afrika u 0,9
phesenti. KwaZulu kwakungu 2,7 phesenti.
Lokuthumbela okungaka kudalwa kuxega
kwisimo somnotho. Ngokwezomnotho
kwenza singakwazi ukugcina kodwa konke
sikudle. Sekwahlawumbisa ukuthi
ukuthembela emuntwini wesilisa
okungamaphasenti ama 2,7 ngo 1970
kuzokwehla ngo 1,5 phesenti uma sesifika
onyakeni wekhulu,

ElakwaZulu lisazolokhu lethembele
olwazini eliluthola ngaphandle njengoba
lisafufusa kwezomnotho. Lokho
akusikhathazi ngoba siyazi ukuthi
singabaseNingizimu Afrika.

â\200\234Kwezemfundo nokuqeqesha elakwaZu-
lu; linikeza izinhlobonhlobo zemfundo
kusukela emfundweni yabaqalayo kuya
kweyaseSekhondari, eyozobuchwepheshe
kanye nokuqeqeshelwa ezobuciko kuya
kweyasenyunivesithi imfundo. Ngonyaka
ka 1975 kwaZulu kwakukhona izikole eziyi
1680 zokufundisa nezokugegesha, ziqashe
othisha abayizi 10 564 ukufundisa abafundi
abayizi 606335. Nambhlanje sinabafundi
abangaphezu kwezi 800 000 ezikoleni zethu.

â\200\234Inkinga esiphethe ukuthi iningi
labantwana bethu baphuma ezikoleni
phakathi kwamabanga lokuqala kuya
kwelesithathu, ngakhoke abantwana bethu
balahlekelwa ulwazi lwabo lokufunda
nokubala emveni kokuba beyeke isikole.
Ngakhoke ngiyakholelwa ekuthini kufanele
kugikelelwe ukuthi kufundwa ulwazi
lokufunda, lokubala kanye nokuqeqesha

C. ukufundisa ukuthunga. Abesimame
basemaphandleni bayagqugquzelwa ukuba

- babenamakilabhu ezokuthunga. Ikilabhu ibe

isithumela umuntu ukuba ayogeqeshwa
endaweni yokugegesha. ka KDC eMgababa.

Lomuntu oseqeqeshiwe ube esephindela
emuva ukuyobakhombisa phela ukuthi
uthole lwazi luni. AmaZulu akushayela
" ihlombe lokhu. Thina sinezinhlelo eziningi
zikamazisize. Uphiko lezokuthuthukisa
umphakathi lingaphansi komNyango wami.
Sinehovisi leNkatha lezokuthuthukisa.

â\200\230â\200\234Okuningi kufanele kwenziwe
emazingeni ahlukeni. Ngalokho nje,
ngizonke nginitshela ngomfundaze omnene
okhishwa yinhlangano yokuthuthukisa
elakwaZulu. Isamba semali eyizinkulung-
wane ezingama 70 ngonyaka inikezwa
abafundi abafuna ukufunda ezobunjiniyela,
ezolimo, ukuqeqeshwa kwezobuchwephes-

he, ezokubala ezezimali kanye nezinye izifundo.

Akukho migomo ebekiwe kulemifundaze. Abafundi abathatha lemifundaze abaphoqwa ukusebenzela i KDC noma uhulumeni wakwaZulu. Imifundaze lena ikhishelwa ukwandisa isiziba sabantu abageqeshiwe ezweni lonke.

â\200\234Loku, engqondweni yami, yindlela enomqondo kakhulu. Iyahambisana nemigomo yenhlangano yokuthuthukisa imfundo kwaZulu, ekholelwa ekuthini gegesha umuntu asebenze noma ikuphi.

â\200\234Ngalamaphuzwana ngicela kunina sozimboni nani banini mabhizinisi ukusiza

" nifukule inhlangano yokuthuthukisa

imfundo yakwaZulu ngokuyixhasa ngezimali â\200\230nanganoma yini enoyibona ifanele.]

â\200\234Njengoba nibonile ukuthi lenhlangano iyaphila ngakhoke uma ufaka imali yakho akufani nokufaka imali emgodini ongenamkhawulo. Yindlela yokonga yawo wonke umuntu ozikhathaza ngokuthula eNingizimu Afrika. :

â\200\234Sihlangane lapha emuva kwezinsuku ezimbalwa umbiko wekhomishane ka De Lange uphumile. UNgqongqoshe wezeMfundo namaSiko, umHlonishwa uDokotela O. D. Dlomo, wake wabambisana â\200\230nekomidi elalicubungula lenhlangano ye H. S. R. C. Ikhabinethi yabuye yahlangana nesigenjana sabantu ababekulokhu kuhlola.

â\200\234Umntu ngesikhathi eshayela ihlombe

umsebenzi owenziwe yikhomishane, kodwa ubuye amangaliswe indlela uhulumeni \aye_kelela ngayo amaphuzu amqoka. Asiboni-nelincane iphutha kwiziphakamiso ezenziwe

(Phenya Ekhasini 5)

!

et

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1981/82 â\200\224 5

waseThekwini mhlazane kuphakanyiswa ngokomthetho uphiko oluthuthukisa imfundo iKwaZulu Training Trust, uDr Gerrit Viljoen.

(ISUKA EKHASINI 4)

vilkhomishanistul e eSSt R E
eziphakamisweni zayo kwezemfundo
babeke limigomo engawumphako
wemfundo:

Amathuba alinganayo emfundo
ebhandakanye izilinganiso ezizodwa kubo
bonke abayizakhi zaseNingizimu Afrika
ngaphandle komgomo webala, ubuzwe,
noma ubulili kufanele kube yimizamo
kahulumeni ngakwezemfundo.

Imfundo iyokhombisa futhi ibonakalise
lokho okujwayelekile nalokho okungavani-
sile ngokwezenkolo nangamasiko.
ngokwempilo nangolimi olukhulunywayo
Imfundo iyokwenza ukuba kubekhona
inkululeko yokuzigokela ngokwakho,
abazali nangokwezinhlangano zemiphaka-
thi. : :

Izinjongo zemfundo ziyogqugquzelwa
ngendlela yemfundo ukuhlangabezana
nezidingo zamuntu ngamunye ngokunjalo
nezomphakathi nokuthuthukisa ezomnotho
ngokunjalo kuyofakwa izidingo zamandla
ezisebenzi.

Ukunikezwa kwemfundo yabasaqalisa
kuyokuba wumsebenzi kahulumeni
ngokuba ilowo nalowo muntu, abazali
kanye nezinhlangano ezithile zibambisane
ukuthwala, ukukhetha kanye nokukhipha
imibono kuloludaba.

Abezezimboni ezizimele ngokubambisa-
na nohulumeni bazobhekana nemfundo
okungesiyo yamabhuku.

Amazinga ezemfundo othisha
nabafundisi basemanyuniesi ayokwaziwa.

Umphako wemfundo uyohlala ubhekwa
ngokucutshungulwa ngokuhlolwa.

200\230\200\234Akukho okungahambi kahle
kuleziphakamiso. Kodwa izithiyo njengoba
zikhishiwe yiKhomishani ka De Lange
zinciphisa umoya. Njengamanje kunothisha
abangama 85 phesenti abangageqeshiwe.
Lapho uthisha oyedwa ebhekane
nabantwana abangama 20 kubelungu,
abangama 27 emaNdiyeni, uthisha oyedwa
ebantwaneni abangu 28 kumaKhaladi,
kunabantwana abangama 47 kuthisha
oyedwa omnyama. Ngiyashaqgeka yileligebe.
Kuyangifikela ukuthi bonke abantu

bokuthula kufanele kubekhona
abakwenzeyo ngalokhu. Yingakhoke
ukuvulwa kwaloluphiko lokuthuthukisa
imfundo lubalulekile kuhulumeni wakwa
Zulu njengoba kunjalo ezweni lonke.

Ukungafaniswa kwezinto kwenza
umuntu abe nolaka nenzondo. Uma
singahlangana manje ukwenza isimo sibe
ngcono maqondana nokungafaniswa
kwezinto, ukwenziwa kwalokho kungaba
isibusiso kithi sonke kungabakhona
ukuzwana.

â\200\234Mhlawumbe abanye benu bazothatha
ngokuthi ngenza ihaba, iKhomishane ithe
kuyodingeka imali eyizinkulungwane
zezigidi ezimbili nengxenye yokuthathu
zamarandi ukususa nya izithiyo
kwezemfundo. Umbiko ukhombisa
ngokucacile izinga nobunjalo bezinto
ezizodingeka ziyobiza imali ethe xaxa.

â\200\234IKhomishani isungulwa nguhulumeni
omkhulu ngezinkulu izimali lezi uma
leyokhomishani isikhipha iziphakamiso
uhulumeni useyaziphikisa. Isiboniso
ukuba uhulumeni wayenze umgomo
mayelana nemfundo efanayo kubantu
bonke baseNingizimu Afrika ngaphandle
komgoqo webala, ubuzwe nobunjalo

bomuntu ngokuvumela izikole kube yizona.

ezizicabangela ezingamthatha nezimgamfu-
ni, ngabe kungcono. Ukuba leziphakamiso
zabe zishiwe nguhulumeni ngabe kusho
ukuthi zazokwenzeka masisha.

"Njengomholi - wezigidi zabantu ngibona

kuyimafelo ukuba ngikusho lokhu lapha
namuhla. Kuyinhlanhla kona ukuthi

umphumela weKhomishani uphumeâ\200\231

phambi kokuba sivule lenhlangano.
Ngithanda ukuba lokhu kuthathwe
njengemizwa yaminokucabanga komgondo
wami.â\200\235

Eseyisongile inkulumo yakhe
okaMathole umntwana wakwa Phindange-
ne wabuye wabonga izitatanyiswa ezabe
zikhona nokubakhona emshikashikeni

wokuvulwa kwenhlangano yokuthuthukisa
elakwaZulu kwezeMfundo. Wabuye
Wabonga uMbhlonishwa uDokotela Gerri-
t Viljoen, ngenkwumo- ayeseyibekile.

UPHAWU

â\200\230 â\200\230 GIZIZWA ngihloniphe-
: kile ekumenyelweni uku-
: thula inkulumo kulom-

buthano osemqoka kang-

aka futhi ngifisa nokunibonga kakhulu
ngokungenzela lelithubaâ\200\231â\200\231, kusho
uNggongqoshe weMfundo yesizwe, uDr
Gerrit Viljoen ethula inkulumo yakhe
ngosuku lokwethulwa umbhidlango
omkhulukazi wokwenza ngcono imfundo
yabaMnyama KwaZulu ngosizo
lwenhlangano ethuthukisa elaKwaZulu
ibambisene nohulumeni waKwaZulu
ngezintuba eziningi ezahlu kahluken
zezomnotho. A
Eghuba inkulumo yakhe wathi abantu
abangamaZulu ubazi njengesizwe
esizighenyayo. â\200\230â\200\230Lokhu kuzighenya
ngikuhlonipha kakhulu. Kwizizukulwane
eziningi abantu abangamaZulu basungula
impucuko ehambisana namasiko kanye
nemvelo ekuphethe kubili okuwukunga-
jwayeleki kanye nokuba yigugu kubona.
Bafaka uphawu olungolwabo ngokuzig-
henya. :
â\200\234Kimina iqiniso elinjalo lisemqoka
kakhulu uma umuntu ethanda ukuba phezu
kwenkambo yentuthuko equtshulwa
ngasezinhleni ezingajwayelekile
kwabaningi, kepha esemqoka kubobonke.
Inikezela umbhidlango wamandla kanye
nobunye onokuqeda izikhubazo
onokubonwa futhi usetshenzwe ngenjongo
yokuphumelela, ngaphandle kokubalekela
ukuzijuba sekuqondakele. Ngendlela
yoguquko lwesikhathi iKwaZulu manje
isibhekene nesidingo soguquko olunesivini
oluyothi, uma lusetshenzwa
ngempumelelo, kuyobawusizo kubo bonke.
â\200\234Isidingo soguquko naso sisukela

kwizizathu esezibeyinqikithi kwelaKwa-

Zulu ngogobo.

Ngokwemvelo elaKwaZulu beliphila
emhlabeni wenkokhelo yezindleko
oweyame ohlelweni lwenkokhelo yezolimo
nezomnotho ngalo okufundwa emibhalweni
kuba kuncane ekufakeni isandla. Ukukhula
kwesibalo sabantu, okudalwa izinga
eliphezulu lokuzalwa kwezingane, sekuze
kwedlulela kwizimo zokunweba uhlelo

lomhlaba. ukubakhona kwezindlela ezithile .

zokuphila sekudale izimo ezibucayi zesizwe.

Ngibe nokulandela intuthuko
yelaKwaZulu ngothando. Nalokhu
ngikwenze ngoba intuthuko efugiwe iyinto
esemqoka kakhulu hayi nje kwinhlalakahle
yelaKwaZulu, kodwa kwiNingizimu Afrika
ngisho nane Afrika yonke. :

Ecubungula izimo zamuva zentuthuko
umuntu angafika kuphela kwesiphetho
sokuthi abaholi baKwaZulu basebenza
izinkinga eziyinselelo ngesibindi
nangombono.

Ithemba nesibindi kusemqoka. Ngisho
nemibono ngoqobo yekusasa ithatha kade
njalo ukwenzeka ibonakale kanti ezintwenj
ezinendumazo enkulu yaloluhlobo njalo
zinika ulwazi. Ndma isivinini sisemqoka,

kokubili ubuhlakani nokubekezela nakho
kuyadingeka.

Lapho izinguquko ezeleka izinto zemvelo
namasiko esizwe, zithinteka, izinkinga
zixaka kakhulu kodwa hayi ngendlela
engenakuphenguleka.

Ukuze kuthuthukiswe futhi kusekelwe
inguquko enjalo ngokuzethemba
nangaphandle kokwenza ngokugodla,
umuntu kufuneka akwazi kahle ukuthi
amasiko nezinto zemvelo kwanamuhla
akuvumelani kangako nobunjalo besizwe
noma ngisho nanempucuko ngokunjalo.

Amasiko nezinto zemvelo njalo kuhlale
kusesimweni senguquko. Amasiko
nemikhuba yemvelo yesizwe ihlala njalo
iguqukela ukuvumela isidingo sesikhathi
soguquko futhi okuyoghubeka nokwenzeka
kanjalo esikhathini esizayo..

â\200\230Ezikhathini ezindala ' ezedlule
kwakuwusiko lwamaZulu ukuphila impilo
yofuduko; okwathi emva kwesikhathi yaba
eyohlelo lwemihlaba â\200\224 yokuhlala
ndawonye. Kamuva-nje sebephila impilo
yasemadolobheni kanti sebethathe
umsebenzi wohwebo nezimboni futhi sebeye
ngokwanda bezibona izinguquko
zemisebenzi. Izinto eziningi ezintsha
nezesimanje kanye nezindlela zokuhamba
ezithi azibe izinto ezingena ngokunyelela
ohlotsheeni lwempilo yamaZulu. Lokho
sekuhambe elide ibanga kungaqapheleki,
ngendlela yoguquko, kodwa lokhu
nalokhu kubuye kuhambisane neziyaluyalu

- ezinkulu kanye nezixakaxaka ezimweni

zempucuko nasekuhlalisaneni kwabantu.
Inkinga namuhla yikuthi uguquko kwezinye
izindima, - ezithinta thina sonke ngabe
siyazifuna â\200\230noma asizifuni zithatha isimo
ezingeni eliphakeme kanjalo ukuze
kughubeke inyathelo, inguquko yelekelelwe
futhi ifugwe.

Asisenakuhlala sithi dekle besesilindela
inqubo ejwayelekile yezimo ngoguquko
oluyolandela ngaphandle kokulubalekela;
sesiphogelekile manje ukugcizelela
uguquko. â\200\230

Ezimweni ezilandelayo zentuthuko
KwaZulu, ngithatheke kakhulu impela

wubuhlakani, nendlela eyisimanga futhi
engokwesibophezelo esixake kakhulu
kwizimo zoguquko kanye nokufuqa
ngokwentuthuko kuwo wonke amazinga
athola ukuqikekelwa kuzo zonke izintuba
ezimqoka. :

Inhlangano ethuthukisa elakwaZulu
ibambisene nezinye izinhlangano
basebenzisa konke okutholakalayo
ukughubela phambili izinga lempilo
ngobukhulu ubuhlakani lobu.

IKwaZulu Training Trust (uphiko
olubhekene nokuthuthukiswa kwemfun-
do) liwubufakazi bokusebenza
ngokuzikhandla kwalenhlangano kanye
nobufutho babaholi emisebenzini ezimele
okuyinto ethokozisa kakhulu.

Loluphiko olubhekene nemfundo

lasungulwa ngokucelwa nguMnyango
weMfundo ., namaSiko kahulumeni
wakwaZulu. Inhloso yalo ukuthola usizo
enhlanganweni ezimela ukuze kuthuthukiswe
izinga lemfundo yezobuchwepheshe
"~ kwaZulu.

Kuyangithokozisa' ukubona abamele

(Phenya Ekhasini 7)

e T

T â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224

{
[

A A

e e

- ng PG

SR e

P

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1981/82 â\200\224 6

Vâ\200\234khh/

35\\4;4\50. ;

Prvate Bag,X5H332
â\200\230Durban.

___4

IZILOKOTHO EZINHLE

ESIBUYE safika esiphethweni
sonyaka manje sesikumnyango
wonyaka omusha. Lesi isikhathi
sokuzibuka-ngabe sizuzeni kulonya-
ka ofile futhi yini esifuna ukukwenza
ngesithuba unyaka omusha ozosinika sona.
Ezweni elinjengelethu la abantu abahlukene
behlala ndawonye ngiyakholwa ukuthi
munye kuphela umgwago okufanele
siwulandele, umgwago wobudle-
Iwane obuhle. Masikhumbuleni

â\200\230ukuthi amathuba avezwa ngunyaka omusha

kufanele siwathathe ngezandla zombili futhi
umthetho omqoka wobudlelwane
usetshenziswe yithi sonke.

Masithathe umyalezo wakhe esigubha
usuke Lwakhe lokuZalwa ngomhlaka 25 ku
Zibandlela (December), umyalezo woxolo
kubo bonke abantu.

Babanango Hotel
P. O. Babanango
3850

Mhleli,

Ngenkulu intokozo ngifisa ukubonga
iphepha lakho â\200\230IZINDABAâ\200\231 ongithumelela
lona nyangazonke. Ngithi phambili kuwe
mhleli. Kwelakho lodumo ngihlalisele
nendawo yakithi ibabanango esinesikole

esisha. Ngibongele namakhosi alendawo
yakithi ngokusimisela isikole semfundo
yasesekhondari. Igama lesikole i-
senzangakhona ekwaNobamba.

Ngingakhohlwa yinkosi* yakithi
uNtombela beno Mnu C. Zulu ngithi kubo
impilo enhle.

Yimina

Constance Mthembu

* ok %k

Xaba Store
P. O. Box 816
Port Shepstone
42400

Mhleli,

Iphepha lakho eselande lasabalala
kubafundi abaningi linokutuseka okunzulu
kulowo nalowo oncela umbele walo.

Njengomuntu othandayo ukwazi ukuthi
kwenzekani kulomhlaba esiphila kuwana
ngize ngathintana nalo nabafundi

_abathunyelwa lona nyangazonke ngesihle.
Awu! limnandi yini pho lingumbele wanoma
ngubani ozimisele ngeZindaba zalo.

Ngizocela kuMhleli ukuba angithumelele
nami elami, ezaseCiskei zangithatha
zangibeka khona. Ngathola nokwazi
umhlengikazi wokugala kwabampisholo
kwelaseningizimu Afrika, isibhedlela iCecilia

Makiwane saganjwa ngaye.
NgiyabongaMhleli othandeka yo.
Yimi
Vulindlela Ngwabi

H
* %'k

P. O. Box 228

Ka Nyamazane

121453
Mhleli,
. ANgiyatusa kakhulu indlela obeka ngayo
lzindaba kuleliphephandaba lakho
â\200\230IZINDABAâ\200\231,

Ngiye ngalelamela lifundwa ngomunywe
umhlobo wami - wasengiyalela ukuthi
litholakala ngesihle kuwe Mhleli.

Bengicela nami ukuba ungifake ohlwini
lamagama alabo obathumelelayo iphepha
leli. Ngiyethemba isicelo sami sozwakala.

Yimi
Sam Mkhonda

'ip_hephia lezindaba ongithumelela njalo.

elalifike nobaba Z.
ulwazi esengilutholile

uPatricia,

neN_goqyama yamaZulu benoN
wakithi kwa Zulu. Ngithi
simunye.â\200\231

- ZENXUSA KUMAZULU

Ngiyazethula kwi Ngonyama Goodwill
Zwelithini kanye nomndeni wakhe,
kuNdunanakulu, kwiKhabhinethi,
kuSomlomo kanye nakumaLunga
eShayamthetho lakwaZulu kanye
nasemindenini yabo kanye nakuZulu
wonkana, kuphi nakuphi la ekhona. Kunina
nonke ngedlulisa, egameni lukaHulumeni
wami, nonkosikazi wami, umndeni wami
kanye nami luqobo, izilokotho
zikakhisimuzi omuhle ongenazihibe kanye
nonyaka omusha onempumelelo.

Sibonga indlela enisamukela ngayo
makuhlangenwe futhi siyazi ukuthi
samukelekile kunina. Ngokwethu
sethembisa ukusebenzela uxolo
nokuhlahlameliswa kobudlelwano kwethu
nani. Inkosi sengathi Inganibusisa nonke.

Box 11
J Kwa-Dlangezwa
â\200\230 3886
Mhleli,

Ngiphakamisa ukubonga kakhulu
ngephepha ongithumelela lona ngesihle.
Ngithanda ukubonga nakulabo obambisene
nabo ekusithumeleni iphepha leZindaba ngithi
ghubekani njalo nokwenza umsebenzi' wenu.

Ngibuye ngithande ukusho ukuthi iphepha
IZINDABA lisiphathela izindaba ezimnandi
njalo ngangoba nezindaba zezwe siyazithola
ephepheni lakho. Ngithi kuwe Mhleli
nginifisela inqubekela phambili nomsebenzi
wenu oncomekayo eniwenzela isizwe.

Yimi

Nkk. R. P. Mthethwa

* ok ok

Mangethe Store
P. O. Box 212
Dannahauser
3080

Mhleli,

Ngiph.akamisa ukubonga lento enhle
kangaka, ngibonga umusa wakho omkhulu
wokusishicilela iphepha â\200\230IZINDABAâ\200\231.
Phambili Zulu ondlela zimhlophe.

Ngibonga nencazelo engayithola ngisifo
sofuba manje sengokwazi uma sesingingene.

Ngibonga nephepha eningithumelela lona
sengizwa nezindaba ezimnandi. Ngifisela
indawo yakithi eVerdri@t inqubekela
phambili sengathi unkulunkulu kababa
uMasango angayibusisa indawo yakithi.

Yimi

Duduzile B. Madonsela

Nomangci Secondary School
P. O. Box 57

Nkandla

3855

Mhleli,

Ngicelau ukudlulisa ukubonga kwelakho

lona

Ngabhala ngithathekile impela ngibone

thmbela. Ngibonga
iâ\200\231 lie ngingakhokhi lutho.
Angikhohlwa yilaba engifunda nabo

Ntombizonke. Ngifiseln
dunankulu
â\200\230Songoba
yimi

Olga Ntombela

UMHLELI WEZINDABA
KANYE NABASIZI
BAKHE BAFISELA
BONKE ABAFUNDI
A Re):To W7 N:To.

UKHISIMUSI OMUHLE

~ KANYE NONYAKA
OMUSHA

'ONOKUNETHEZEKA
MAZULU!

Bos 229
Kwa-Mbonambi
3915

Mhleli, Â¢

Zulu mabandla kamJokwane kaNdaba
ondlela zimhlophe ngithi phambili nomsebenzi
wenu. Ngibonga iphephandaba lenu
enisithumelela lona ngesihle.

Ngicela ungikhonzele kulaba â\200\230engifunda
nabo kulesi sikole engifunda kuso
eSokwetshatha uLucy -Msane, u Ephraim
Nkomo, godfrey Mkhwanazi, kanye nothisha

wami umnu. Ntinga.

Ngiyabonga

Yimi

Robert B. Msane

* % %

Mzamo Secondary School

P. O. Box 643

Newcastle

2940

Mhleli

Ngibonga iphepha lakho engilithola
nyangazonke ngesihle. Ngithi phambili
ngikufisela inqubekela phambili.

Ngicelela laba abafunda eNtendeka

uMaureen Jele, Christinah Nxumalo,

Sweetbetter Nyembe, Fortunate Nyembe

Jnabanye engingababalanga.

ngifisele bonke abafundi baseMzamo

Secondary impumelelo ezifundweni zabo.

Yimina

Rejoice N. Nyembe

* X

Hambangendlela Secondary

School

P/Bag 627

Nongoma

3950

Mhleli Âç

Ngiyakubingelela ngenkulu intokozo

Mhleli wezindaba.

Ngicela ungikhonzele ku Zodwa Dlamini,
Agrineth Mnguni, Thembeni Khuzwayo kanye
nakumathishela ase Hambangendlela
Secondary School. ;

Ngivabonga

Yimi ;

Elaizer Khumalo

e ke o

Van der Plas Construction

P. O. Box 231

Piet Retief

2580

Mhleli,

Ngicela ikheli laseNtuzuma lapho
kufundelwa khona umsebenzi. Ngizimisele
ukuthumela isicelo sami khona. Ngingajabula
uma kukhona ongasiza noma ngubani
onolwazi ngalesikole.

Yimi

Johan Radebe
Â® % K â\200\231
uroutvitle High School
P/Bag X656
Stanger
4450
Mhleli,

Ngibonga kungcwala umlomo ngephephan-
daba ongithumelela lona nyangazonke
ngaphandle kokukhipha isenti leli.

Ngicele nokudlulisa ukuhalalisa kwami
kubobonke othisha basesikoleni
saseGroutville kanye nabafundi engibafisela
impumelelo ekupheleni konyaka.
Ngithandazele abazobhala ukuhlolwa kwabo
kwamabanga lesishiyagalombili kanye
neshumi.

Yimi Ozithobayo

Sipho Khumalo

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1961 /82 â\200\224 7

(ISUKA EKHASINI 5)

izinkampani ezinkulu - belapha namuhla
kanti ngibe ngijabula ukuthola isiginiseko
ukuthi loluphiko Iwezemfundo lusaghuba
kahle kakhulu njengamanje:

Imfundo ingefaniswe nomgodi
ongenamkhawulo. Imfundo kufanele
inikwe indawo yokugqala ezindingweni
zezwe, ngokwazi ukuthi uzodamane uzuza
uma nje kuphela kunemali elokhu
ighamuka.

Noma imfundo ihambisana nokuthuthu-
ka kwezomnotho, izimali zokuyiseka
kufanele zighamuke ngaphandle.
Ngaphandle nje kwalokho imfundo iyohlala
njalo iwukonga okumgqoka.

Emphumeleni wocwaningo ngemfundo yi
HSRC kwacaca ukuthi yiningi imali
ezodingeka ukwenza ngcono imfundo
kwelaseNigizmu Afrika. Kudingeka
ukuba sicabange ukuthi ukufaka izimali
emfundweni kukhulisa futhi kufake uggozi
kumuntu ukuba azikhigizele yena ngenye
indlela babambisane ekwenzeni ngcono
impilo, ukunyuswa umthamo womcebo,

ngokunjalo imfundo ifaka umfutho
kubantu ukuthenga imfundo kanye
nengcebo yezwe kulabo abazimele,
ukwakha izindlu kanye nokuqasha othisha
bokufundisa. -

Imfundo iyona ephethe ukhiye wekusasa
lakwaZulu. Lokhu engikushoyo akuqondi
ukuthi imfundo ingumqazi wezinkinga

.zonke. Ukucabanga ukuthi ngemfundo

zonke izinkinga zoshabalala njengenkungu
ibona ilanga kuyiphupho.

Imfundo eyodwa kithi sonke,
yobajabulisa abanye, yohluleka ukufeza
zonke izidingo zomphakathi onezinhloso
ezahlukene. Ukwahlukana kwezemfundo
kuyindingeko ukuhlangabezana nezinjongo
zabafundi abahlukene kanye nomphakathi
(njengamandla ezisebenzi, ukuthuthukis-
wa kwezomnotho . . .)

Imfundo eyahlukeneyo ukuze iphumelele
namuhla kufanele ibe nenjongo ezoyifeza.
Kufanele umuntu afundisele into
ebonakalayo. Ukufundisa okunenhloso
kuqondisa ukuthi imfundo kufanele
ihambisane nomphumela obuhlosiwe, kube
ngakolunye uhlangothi ulwazi olutholakele
losethekeliswa ebantwaneni uma sekugedwe
ukufunda.

IMIGOMO

Imfundo etholakele. kufanele ibe
nomhlandla wezohwebo kanye namathuba
emisebenzi. Ukungahleli imfundo ngendlela
kungukucekela phansi ngoba iningi lisuke
ligeqeshelwe imisebenzi engekho.
Ucwaningo lubuye laghakambisa
ukungahlelwa kwemfundo lapha
eNingizimu Afrika ngokuba neso elibukhali
emfundweni yokwazi kubukelwe phansi
imfundo yezobuchwepheshe.

Ngokubona kwami kufanele izinkampani
ezizimele ukuba zibambisise lapha
ekwenzeni ngcono imfundo yezebuchwe-
pheshe. Kuyathokozisa ukubona ukuthi
lokukucwaninga kwenza umgomo
wemfundo yempogo ube yiminyaka eyisi-9,
eyisithupha yayo kufanele kube eyesikole .
esijwayelekile bese kuthi lena esalayo
umuntu usengenza lezofundo zemisebenzi.

Ukugegeshwa okungayi ndawo kwaZulu
kungaletha izinkinga kwezomnotho
nakwezomphakathi. Ukugegeshwa nolwazi
makukwazi ukusetshenziswa. ElakwaZulu
lenza konke okusemandleni alo
ukuthuthukisa imfundo yezobuchwepheshe
emphakathini wakhona, umnotho
kwezeniisebenzi kanye nomkhiqizo
kwezolimo. Ukuthuthuka kwezohwebo
kuyindingeko ekukhuleni nasekuthuthuke-
ni.

Imfundo yezemisebenzi kanye nemfundo
yezobuchwepheshe sezaba mgqoka
ekukhipheni amandla ezemisebenzi
njengoba edingeka manje nakusasa.

Ukwenza umphako wemfundo efanele
kufanele kukhethwe izinjongo ezinde
nezimfushane kusemamje, bese kugqala
umbhidlango ElakwaZulu selinezinjongo
futhi selikulungele ukuqalisa. Lifuna ukuqala
ngokushesha ukufeza imigomo yalo
kwezemfundo.

Kuyangikhanyela kambe izindleko
zemfundo yemisebenzi kanye nesimo
elakwaZulu elibhekene naso njengamanje
futhi esikhungethe i Afrika yonkana.
Kuyisifiso sami ukuthi lokugogwa kwezimali
okwenziwa nambhlanje kube yimpumelelo
ngaphezu kwalokhu abasunguli

ebebekucabanga. Ngiyethemba ukuthi
izandla ezivulekile ziyommukelwa kube
ngokunjalo nezinikayo. Angiqginise ukuthi
uma izinkampani ezizimele zivula amathuba
ezemfundo, ziyokwazi ukuba negama futhi
nesiginiseko ukuthi kuyoba yimpumelelo

- kwezemisebenzi. Isizathu sibe sibonakala

ngakhoke ngizothatha ukunikela
kwanamuhla njengokugcina imali
uyigcinela ikusasa.

Kuyacaca ukuthi kuyindingeko
engakanani ukuba elakwaZulu lizigegeshela
abomdabu kwezemisebenzi yezandla.
Imali eyodingeka iningi impela ukufeza
izinjongo zokugqesha nemfundo njengoba
iwumgomo womphakathi ukuze kuvuleke

amathuba angcono kwezemisebenzi

azozonke izinhlanga zakuleli. .
Ngizothanda ukuchaza â\200\230' ngisela ukuthi

imfundo kazwelonke ngeke itholwe

ngokwenyuswa kwezimali zokuxhasa noma

lokhu kumgqoka. Impumelelo yoncika.

ekubeni nogqozi, ukuzimisela nokusebenza
kanzima komfundi ovela kubantu bendawo.
Asikho isizwe kumbe umphakathi
ongalindela. ukuba imfundo yabo inyuswe
abantu abaghamuka ngaphandle. Kufanele
kugqiniswe ngamathalente asekhaya qambe
kuphunyelwe ngaphandle ngoba intsha
iningi lapha emnyango. Isizwe sivumelekile
ukuba sifune amathuba alinganayo
nezilinganiso ezilinganayo ukuze
kugambeke ukugqesheka kwezinga
eliphezulu kwezemfundo yezemisebenzi
kugxile kakhulu emahlombe esizwe
nasetshisekelweni nasekuzikhandleni
kwabo ukuze bathole abakufunayo.
Amathuba alinganayo kanye nezilinganiso
ezifanayo zinikezwe abantu kodwa izinga

lemfundo linganyuswa ukuzimisela
kwesizwe sonkana.â\200\235

Kuyakhombisa ukuthi- uMhlonishwa
ungumuntu ozinikele kangakanani
ekuboneni izinga lemfundo yomuntu
omnyama lenyuka kulokhu eliyiko
njengamanje. ABEZINDABA kwabahla-
ba umxhwele lapho ethi uMhlonishwa
asikho isikhathi -esifanele ukuba umuntu
azikhathaze ngaso- ngaphandle kokuthi
kugalwe khona kusashisa nje. Imfundo
ingumphako ongaboli ngoba uma usugedile
ingukhiye ovula yonke iminyango evaliwe
ngakhoke siyifisela inqubekela phambili
inhlangano esunguliwe. 2

UMGUBHO WESHUMI
LEMINYAKA

(ISUKA EKHASINI 2)

December ozayo naseminyakeni eminingi
elandelayo.

Sengathi amazolo nenkungu kungavusisa
ihlobo lalonyaka izivuno zeve, notshani
busuthise imfuyo, nemithombo
impompoze, nemikhuhlane isifulathele.

UNDUNANKULU

GICELIWE ukuba ngibeke

amazwana ambalwa egameni

lethu sonke ngothi lwethu

njengoba sibuthene lapha
namhla-njena-nje njengabantu beSilo
iNkosi yaMabandla onke, ngalolusuku
olumqoka kangaka lokuhlangana konyaka
weshumi iSilo sahlala esihlalweni
sobukhosi. Ngiyaphoqeka ukuba
ngikhumbuze bonke abakhona lapha ukuthi
ngosuku iSilo esahlala ngalo esihlalweni
eshumini leminyaka edlule kasibanganalo
ithuba njengaBantu baso ukuba
siphefumule. Lokhoke angikuphawuli

ngakho ukuba ngiqonde ukukwenza isici
namhla-nje kodwa njengomuntu
owayesifundi seMlando noyiso namanje
lokho ngikuthinta-nje ngoba kungumlando
owenzekayo noma sewadlulaâ\200\231, kusho
uMntwana waKwaPhindangene, iNkosi M.
G. Buthelezi ethula inkulumo yakhe yosuku
nokubonga ukuhlangana kweminyaka
elishumi iNgonyama yamaZulu
isesihlalweni sayo sobukhosi.

â\200\234Izolo loMkhosi uqalwe ngenkonzo
ebenesizotha nesithinte sonke ebesikhona
kuyo izolo nesingasoze sayilibala masinyane
nxa sisadla anhlamvana, njengoba sonke
esilapha sikanye neNkosi yethu sibamukela
ubukhulu nobuNkulunkulu bukaNkulun-
kulu okunguYena oyivikele iNkosi yethu
ngobubele baKhe eminyakeni elishumi
ikulesihlalo ehlezi kuso. Yaphepha ngenxa
kaNkulunkulu ezingozini zonke. Lokhu
sikuzwile kugcizeleleka ngendlela ephakeme
ekuseni-nje nguMhlonishwa, uSobaba
uDokotela u A. H. Zulu ngenkathi ephethe
inkonzo yokuvula. Lokhu futhi kwenzekile
ngendlela ejulile nayizolo ngenkathi

AR

Uyazibona ezaKwaZulu, kade sasho ukuthi
kuyigugu okungamagugu kaZulu, ngezansi
izikhulu zikaHulumeni kwesobunxele uMnu.
Thula oyinxusa elikhulu likaHulumeni
waKwaZulu emadolobheni emi noMnu.
Ngubane onguNobhlala kaNdunankulu
KwaZulu. Nanka namaSwazi ngenhla
ekhipha ubuciko.

uSobaba uMbhisobhi wesifunda â\200\224 .

Mbhishobhi sakwaZulu uRt. Revd. L. B.

Zulu, nezinye izinceku zikaNkulunkulu

ebezimelekela kuleyankozo ebiphakeme

ngaloluyahlabo izolo, esingesoze

siyikhohlwe noma nini sonke ebesikhona

kuyo. Sinokujabula okukhulu ukwazi

ukuthi iNkosi yethu iyakholelwa emazwini

ombhalo athi ukuqgala kokuhlakanipha

kuyikumesaba uNkulunkulu.

ISilo lesisivela ohlwini olude IwamaKhosi
amaningi, ahluphekayo iningi lawo,
ehluphekela ukuba sonke thina
esiyisizukulwane sikaZulu sibenekusasa
elighakazileyo nelivikelekileyo. Yingakho-
nje ubukhosi lobu buyinto enkulu kangaka-
nje kithi thina Zulu. Kusukela buphenjwa
lobubukhosi yiSilo uShaka, iNkosi
yoHlanga yayizimbandakanya naBantu
bayo, ingafuni nakanjani kubenegebe
noma elincane kangakanani phakathi
kwayo neSizwe. Cishe onke lamakhosi
kusukela kuyo iNkosi yakwaBulawayo
uShaka kuze kufike eNkosini yasoSuthu,
iNkosi uDinuzulu, onke lamakhosi
ayezikhandlela iSizwe ngokudela ngisho
impilo yawo ngokuzibambela lugobo
ngisho ezimpini ugobo lwazo zangalezok-
hathi ayephila kuzo. Amaningi amakhos@
ayehlasela namaButho ngenkathi
esengaBantwana naMaphosakubusa
engakabekwa esikhundleni soBukhosi.
Lokhukuzimbandakaya nabantu kwadala
imithombo enzulu yokuxhumana kuwo
neSizwe kuze kufike eSilweni uDinuzulu..
Ngalezokhathi amaKhosi ngqoboâ\200\230zawo
ayelikhala eliphambili kulokho kuchltheKg
kwegazi emzabalazweni wethu ekuzameni
ukuvikela lokho okwakungokwawo
naBantu bawo.

(IPHELA EKHASINI 8)

câ\200\224â\200\224 o

e e i I ST e

S

e

B

&

B

N

bl = e

Dt

7

S

i

â\204¢

Disemba/December â\200\224 Janwari/January 1981/82 â\200\224 8

L St S s R A S iy Ui S S L

'UYINGQALABUTHO

KWABOMDABU

EKUQALA ukuntwela nakuthina
sizwe esimpisholo ngoba izithelo
zokuzikhandla kwethu seziyabona-

kala. Akusamangalisi ukufunda
ephepheni ngomunye wohlanga lwakithi
osekhwele imimango waze wayothi cababa
lapho onke amehlo ethe njo khona ukubona
ukuthi ingabe uzokwazi yini ukubhekana
nenselelo engumsebenzi wakhe.

Kwenzeke isimanga eMnyangweni
wezoKwazisa neZindaba zangaPhandle
lapho enye yezinsizwa ezizinikelayo
emsebenzini yathola umvuzo. UMnu. Henry
Moleko nguyena ohlabane kwezwakala.
Wangena kulomNyango engumabhalane

- oseqophelweni lesibili wasebenza ngenkulu

inkuthalo lena njengoba manje -esethole
isikhundla sokuba ngumhleli owengamele.
Lesisikhundla phambilini sabe siphethwe
omhlophe. UMnu. Moleko umgowokuqala
ezweni lonke lalapha ukuthola isikhudla
esingaka ebe ngokunjalo ngowokuqala
ukuthola isikhundla esiwu-ngqa
kwezokuloba noma ebuntatheleni
emnyangweni kahulumeni omkhulu.
Uphiko alwengamele lubhekene
namaphephabhuku akhishwa wuMnyango
wezoKwazisa aphuma ngezilimi

eziyisikhobisa zabomdabu. â\200\234INTUTHU-
KOâ\200\235 iyona esemqoka ephuma ngesiZulu,
Xhosa, Tswana, Tsonga, Venda, siSuthu

â\200\230saseningizimu kanye nesaseNyakatho.

Abathunyelelwa intuthuko nguwonke-
wonke ophakathi kwawo kukhona
abefundisi, abaholi bemikhandlu

nezâ\200\231mh\angatlo ezahlukenene nabamazwe
esakhelene nawo azimele kanye nabezabelo.

UMnu. Moleko wazi izilimi eziningj

zabampisholo ebe futhi eyindoba yolwazi
olunzulu. Ezilimini ezikhulunywa la
eningizimu Afrika wazi eziyisikhombisa ebe
esho engahlonizi ukuthi isiVenda
nesiTsonga cha zimumise lutsheke kodwa
ngeke umhlebe ngazo. :

UMNu. Moleko uthi iningi intsha
enomdlandla nentshisikelo empisholo
kufanele bathole imisebenzi emqoka
kuhulumeni omkhulu ngoba lokho kufanele
kwenzeke manje noma kamuva-ngcono
manje kunakamuva.

Yiyona-ke lensizwa ecabele ezakubo
zoMdabu indlela entsha okungokokugala
ukuba loMnyango ongokaHulumeni
awusebenzelayo uMnu H. Moleko unyule
yena ngokwekhono lakhe, umkhethele
isikhundla esingakaze saze saphushwa
ukuba sasiyoke siwele ezandleni
zoMphisholo. ol

Inkaba kaMnumzane Moleko yavundisa
umhlabathi waseHersechel kwelaseKapa,
wahamba isikole eBethulie eFuleyisitata,
waqala impilo yakhe yomsebenzi ngokuba
nguthisha e Tweeling eceleni kwaseFrank-
fort ngaphambi kokuba angene
emnyangweni kahulumeni. .

Wajoyina umNyango weziNdaba
zaboMdabu ngonyaka ka 1948 engumqogqi
wentela okwathi ngonyaka ka 1954 April
waba ngutolika kuwo lomnyango
wasedluliselwa emNyangweni wezoKwazisa
.ngonyaka ka 1961.

UMnu. Moleko uhlala ematasatasa
njengobani ongavuka ekuseni
njengabo enza ngoba phelaâ\200\231 baphezu
komshikashika wokuhumusha i Hansard

kahulumeni wase Qwa-qwa beyisusa

esiNgisini naseBhunwini beyisa esiSuthwini

saseNingizimu.)

Ubaba Moleko ungumgugquzeli
onagama endaweni yaseMalelodi ingani
phela usondelene nomphakathi ngendlela
eyisimangaliso ebe njalo engumphathi
wegqembu lezebhola. Umndeni wakhe: â\200\224
uHilda uNkosikazi onguthisha wabantwana
abakhubazekile kanye nabantwana abane.

Sikwethulela isigqoko Mnu. Moleko sithi

â\200\230uyibekile induku ebandla lokhu okwenzile
akuvamisile umuntu aphumelele

~ ngalendlela owenze ngayo. ..

njaloâ\200\231

HLALA UNOLWAZI
FUNDA IZINDABA
â\200\230NJALO

(ISUKA EKHASINI 7)

Eminyakeni ngeminyaka edlule bakhona
abayaye bathi kabaqondi ukuthi kwenziwa
yini ukuthi kithi thina Zulu ubuKhosi

_bubeyinto enkulu kangaka ezinhliziyweni
zethu. Lokhu bekubuza nanjengoba sazi
nathi ukuthi ngisho nemizamo yabanqobi
bethu uqobo kayizange iphumelele
ukububulala ibucoboshise ubukhosi
eminyakeni eminingi eyedlule bazama
ukucima elakwaZulu, njengoba
umphefumulo walo elakwaZulu kwakuvele
kuyiSilo uqobo lwaso, ngezikhathi
ezahlukeneyo zamakhosi ngamakhosi.

Ekubongeni kwethu uNkulunkulu
nezinyanya kumele sikwenze lokho amehlo
ethu siwabhekise emlandweni wethu
osikhombisayo ukuthi ubukhosi
basisebenzela izinto ezinkulu kangakanani.
Nxa sibheka emuva kancane-nje sibheka
umlando nesimo esinethanethazeke kuso,
sizibona zisikhanyela bha izinto iNkosi
uShaka engumgambi weSizwe sakwaZulu
azenza ngendlela eyedlula kenke okwenziwa
ngabanye ababephila ngesikhathi sakhe.
Ukuqhakaza kweNkosi uShaka
Kwaqondana nesikhathu sokuqhuma
nokuphila kwezinto ezibuhlungu
zokuzulazulelwa kwezwe laKithi ngamange
ayevela phesheya kwezilwandle. :

Kuleli laseNingizimu neAfrica
ladweshudweshulwa labazicucwana
ngesikhashana esifushane kakhulu emva
kweSilo uShaka singasekho emhlabeni.

Ngeminyaka ecishe ibengamakhulu
amathathu edlule, lelilakithi kwakuhlephu-
hlephulelwana ngalo. Enyakatho

amaPutukezi ayesezisikele leli esasilibiza
thina Zulu ngokuthi ngelasePutukezi.
AmaPutukezi naMangisi ayencintiselana
ngalo amaNgisi efuna ukuba ngoNgqoshis-
hilizi kulo leli elaseMozambique. Zikhona
izindawo kulolesifundazwe sakwaZulu
esesibizwa ngokuthi yiNatali ayezikhalela
amaPutukezi ezifuna ngamehlo abomvu.
Thina Zulu kwakungathi kasikho sikhona,
ngenkathi amaNgisi ezocela uMfulentshi
othile uMcMahon ukuba alamule
embangweni wawo namaPutukezi. Nxa
lomfokazi waseFulansi esedwebe umudwa
ahlukanisa ngawo lowombango izwe lakithi

lahlukaniselwa abezizwe bezinhlangothi
zokufika ezimbili, lahlukaniswa futhi
yindoda yokufika. Okwethu kwansondo!
Sasala sikhwixwe imikhono.

AmalJalimane nawo ayezama ngokwawo
ukulingena lelilakithi ngaseMpumalanga
nenyakatho, efuna - ukutshala izihlahla,
ezichicha inhlaka yokwenza izihlilingi
namathayi nokunye okunjalo. NgaseNingi-
zimu ezansi kwalelilakithi amabhunu
ayesethi asemise omunye umbuso wawo

wokuzibusa aze amisa nedolobha

. esephakathi.

laseMgungundlovu alibiza ngabaholi bawo
u-Piet Retief no Maritz. Ngaso lesosikhathi
amabhunu ayeseqalile ukuklwebhana
namaNgisi izinkinsimana zansondo
ezidlamafutha, eThekwini, kwelaseBhodwe.
Lena ezansi amaNgisi ayelokhu eqhube
njalo umngcele ewenyusanyusa njalp aze
athatha namaXhosa azibona-nje
Konke laphe babehamba
khona' abamhlophe laliqgoba livungula.
UZulu oseMzimkhulu kuze kubemanje-nje
laphe esezifica .eseyingxenye yeTranskei
kungalobobuqili bamaNgisi ayenza
lezizinto ngalesosikhathi sokudanda kwabo
eyabo imingcele bengabonisene nathi.
Kusukela eNkosini uShaka thina Zulu
sancela kuye ubuciko namakhono Âsinawo
nakamhla kalokhu okuphumputha ubunye.
Yingakho-nje phezu kwemizamo engebalwe
yokuzama ukusiklaya phakathi
singehlukaniseki phakathi ngisho manje.
Lobubunye busigcinele okungamagugu
ethu anininini. Umongo wobuZulu
kawusoze wasilahlekela noma nini.
Lobubunye bethu bobuZulu sebelekile
kakhulu okwamabele behlukaniseka,
namakhoba eminyakeni ngeminyaka edlule.
Busihlanganisile samunye lobiibunye safana
namagquma nezintaba zakithi, safana:

nemihosha nezinkalo zakithi, safana

nezimakade zemithi yakithi.

UMLANDO

Kasikho nesincane isizathu sokuba

sibalekelane nomliba wethu wobuZulu
nowokuba nguZulu. Imilando emikhulu
yeSintu sonke saseMhlabeni yedlula
nalapha eAfrika, khona lapha esihleli
khona, khona lapha esimi khona yasenza
abantu abayinto eyodwa. Umlando
wasihlola wabela ubunye bethu
okwamabele bashiyeka bumi, njengoba
nanamhla busamile. Lowomliba wethu
osuka eNdulo wobuZulu bethu kawenzi
futhi- sizinyeze ngokuphokophela ukuma
endaweni eyodwa nabafofowethu
nodadewethu abamnyama kuleli
laseNingizimu neAfrika, kulesisidikadika
seAfrika eseNingizimu, nakulelizwekazi
lakithi eAfrika. o

Salwa izimpi sisukela kubolobubunye
bethu. Sehlule izimpikazi zamaNgisi
ngezandla singahlome lutho ezandleni
ngezikhali ngaphandle kwayo inswani
_kuphela. Ekugcineni sehlulwa zikhali-
zamaNgisi ezazingaphezulu ngokukhalipha
kunswani asasala analutho, nakhu-nje
namanje sisekhona. Sangqubuzana
eziwombeni zezimpi ezahluhlukenene
naMabhunu. Ingxenye-nje yeSizwe
sakwaZulu singaphelele nokho sonke iSizwe
yehlulwa ngamabhunu ngempi yaseNcome.

VACANT EDITORIAL POST

A young man is required for an editorial post on
[ZINDABA. He must have a matric certificate and a |
driversâ\200\231 licence. All interested persons must submit

applications to
Department of Foreign Affairs & Information, Private
Bap 54332, Durban or call â\200\230the:Editor â\200\230at Durban
32578 k.

the Regional

Representative,

. X54332, DURBAN 4000.

igama

ABAFUNDI abathanda ukuba bathole izindaba bayaccelwa ukuba
bagcwalise amagama abo namakheli abo ngezansi. Uma benza njalo
bayothunyeleliwa leliphapha ngesihle bangakhokhi lutho. Yinnye into
okufuneka wena uyenzi. Bhala inama nekheli lakho ngokucacile esikhaleni
esingezansi uthumela kulelikheli: UMHLELI WEZINDABA, PRIVATE BAG

D

ST S R N SE R (TR

D R I IS Gy e Gy

Printed for the Government Printing Works, Pretoria by Drakensberg Press (Pty) Ltd., Durban.